# Ukuchwayisisa kwesithathu kulizwe leZimbabwe okokuhlola impumelelo ngokumayelana lamalungelo oluntu okwaqhutshwa yinhlanganiso yomanyano wamazwe omhlaba

## Ugwalo olumemethe umbiko ovela kunhlanganiso ezilwela amalungelo oluntu ezweni

14 Ntulikazi 2021

Kwaqoqwa ngabe:

Zimbabwe Lawyers for Human Rights

National Association Of Non-Governmental Organisation (NANGO)

Zimbabwe Human Rights NGO Forum

Women's Coalition of Zimbabwe

Ngosekelo oluvela ku:

Ambasáid na hÉireann Embassy of Ireland

UN Women Generation Equality

AWLN

# Okumunyethweyo kulolugwalo


| | |
|---|---|
| Uluhlu lwamazwi asetshenziswe kugwalo lolu ngamafitshane | 3 |
| Indlela eyasetshenziswayo ekuqoqeni umbiko lo | 6 |
| F31 - ABANTWANA: UKUVIKELWA KWABO, UKWENDISWA KWABANTWANA | 7 |
| F31 - ABANTWANA: UKUFINYELELA INGWALO ZOKUZALWA | 7 |
| F13 - UDLAKELA KWABESIFAZANE | 8 |
| F12 - UKUBANDLULULA ABESIFAZANE; UKUPHIWA AMANDLA KWEZENOTHO | 10 |
| E41 - AMALUNGELO KWEZEMPILAKAHLE – IMPAHLA LENDAWO ZOKWELATSHELWA: UKUFUNDISWA KWABELAPHAYO | 12 |
| E22/E26 - ILUNGELO LOKUTHOLA AMANZI OKUNATHA, INDABA ZOKUHLANZEKA, KANYE LOKUDLA | 13 |
| E51 - ILUNGELO LOKUTHOLA IMFUNDO YEPRAYIMARI - KUNGELAMBADALO | 14 |
| F4 - ABANTU ABAKHUBAZEKILEYO, UKUNANZA UKUKHUBAZEKA KWABO KUNDABA ZEMFUNDO, UKUFINYELELA KWABO UKUNGENA KUZAKHIWO | 15 |
| D32 - UKUNYAMALALISWA KWABANTU: UDLAKELA NGOKUMAYELANA LENDABA ZOMBUSO WELIZWE, UKUNYAMALALA KUKA-ITAI DZAMARA | 16 |
| D43 - INKULULEKO YOKUTSHO OKUSENGQONDWENI YAKHO | 17 |
| A61 - UKUSEBENZELANA NDAWONYE LENHLANGANISO EZILWELA AMALUNGELO OLUNTU: UKULONDA UMBIKO OWETHULWA ISIKHATHI NGESIKHATHI | 18 |
| H1 - ABANTU ABALWELA AMALUNGELO OLUNTU – UMUMO WELIZWE KUNHLANGANISO EZILWELA AMALUNGELO OLUNTU LABASEBENZELANA LAZO | 18 |
| D33 - UKUBOTSHWA MAHLAYANA KANYE LOKUVALELWA – UKUSETSHENZISWA KWAMANDLA, UKUZWISA UBUHLUNGU, UKWETHUSELA, LOKUHLUKULUZA | 20 |
| B51 - INDLELA EZISEBENZAYO EKUQEDENI INHLUPHO – UKUTHUTHUKISA INDLELA ZOKUBANA ABANTU BAFINYELELE UKULINGANISWA KWENDABA NGEMFANELO NGOKUSEMTHETHWENI | 21 |
| D51 - UKUPHATHWA KWENDLELA ZOKULINGANISWA KWENDABA EMADALE KANYE LOKULINGANISWA KWAZO NGOKUFANELEYO LOKUKHULULEKA KWALABO ABATHONISISAYO EKUQHUBENI UMSEBENZI WABO | 22 |
| A41 - UKUSEBENZA KWESISEKAMTHETHO LEMINYE IMITHETHO; UKULUNGISWA KWEMITHETHO UKUTHI ILANDELE ISISEKAMTHETHO | 24 |
| D7 - ILUNGELO LOKUPHATHEKA KUNDABA ZIKAZULU KANYE LELUNGELO LOKUVOTA: IKHOMISHINI YOKUQHUBA UKHETHO EZIMELE YODWA | 24 |

# Uluhlu lwamazwi asetshenziswe kugwalo lolu ngamafitshane:

| | |
|---|---|
| ACRWC | Isivumelwano samazwe eAfrika ngamalungelo lenhlalakahle yabantwana |
| BEAM | Uhlelo lokuphathisa abantwana abaswelayo ngokubahlawulela indleko zesikolo kumfundo yaphansi |
| BVR | Ukubhalisa ukuvota kusetshenziswa izidindo zeminwe |
| CAT | Isivumelwano samazwe omhlaba esenqabela ukuzwiswa ubuhlungu ngokuhlukuluzwa kwabantu ukuze bachaze loba ukuvuma abangakuthandiyo |
| CCZ | Idale eliphatha indaba ezimayelana leSisekamthetho seLizwe leZimbabwe |
| CEDAW | Isivumelwano samazwe sokususa zonke indlela zokubandlululwa kwabesifazane |
| CSOs | Inhlanganiso ezilwela amalungelo oluntu |
| GBV | Ukuhlukuluzana ngemakhaya kuzimuli phakathi kwabesilisa labesifazane |
| GFPs | Abantu abakhethwayo ukuze beluse ukulinganiswa kwamathuba phakathi kwabesifazane labesilisa |
| GoZ | UHulumende weZimbabwe |
| HCP | Imikhuba yamasiko eyingozi |
| HRBA | Indlela enanza amalungelo oluntu |
| HRC | IKhansili ebona ngamalungelo oluntu |
| HRDs | Abalwela amalungelo oluntu |
| IECMS | Uhlelo olumanyanisa indlela zokuphathwa kanye lokwaluswa kwendaba eziyabe zilethwe kumadale omthethwandaba |
| VFUs | Inhlangothi eziphathisa abahlukuluziweyo ukuba bakhululeke ekumangaleni kwabo emthethweni |
| LAD | Uhlangothi oluphathisa abadinga uncedo ngendaba zomthetho |
| MDC | Ibandla lezombangazwe-Movement for Democratic Change |
| MOPA | Umthetho ophatha ukulondolozwa kokuthula kanye lokuzinza ezweni |
| MWAGCD | Uhlangoti lukaHulumende oluphatha indaba zabomama, ukulinganiswa kwamathuba phakathi kwabesifazane labesilisa kanye lentuthuko ezindaweni |
| NA | Inkundla yePhalamende |
| NGO | Inhlanganiso ezimele yodwa engekho phansi kukahulumende |
| NPRC | IKhomishini ebona ngokuthula kanye lokuxolelana ezweni |
| PVO | Isahluko soMthetho ophatha inhlanganiso ezizimele zodwa ezizinekela ukunikeza uncedo ezweni |
| PWDs | Abantu abaphila begogekile |
| SADC | Inhlanganiso yamazwe asemkhonweni wezansi yeAfrica |
| SGBV | Udlakela ngendaba zokuya emacansini phakathi kwabesifazane labesilisa |
| SR | Isithunywa esiqakathekileyo esiqhuba umsebenzi ngokulaya kweNhlanganiso yomanyano wamazwe omhlaba |
| SRRHR | Amalungelo amayelanalendaba zokuya emacansini kanye lokubeletha |
| UN | Inhlanganiso yomanyano wamazwe omhlaba |
| UNCRC | Isivumelwano esimayelana lamalungelo abantwana senhlanganiso yomanyano wamazwe omhlaba |
| UNCRPD | Isivumelwano esiphatha amalungelo abantu abaphila begogekile |
| UNHCR | Uhlangothi lomanyano wamazwe omhlaba oluphatha indaba zeziphepheli |
| UPR | Ukuhlolisiswa komumo wezamalungelo oluntu emazweni okwenziwa ngezikhathi ezabekwayo okuqhutshwa yinhlanganiso yomanyano wamazwe omhlaba |
| VAW | Udlakela oluqondiswe kwabesifazane |
| WCOZ | Umanyano wenhlanganiso yabesifazana eZimbabwe |

| | |
|---|---|
| WHO | Uhlangothi lomanyano wamazwe omhlaba oluphatha indaba zempilakahle |
| ZADHR | Inhlanganiso yamaDokotela aseZimbabwe ephatha amalungelo oluntu |
| ZEC | IKhomishini ephatha indaba zokhetho kwele Zimbabwe |
| ZGC | IKhomishini yaseZimbabwe ephatha indaba zokulinganiswa kwamathuba phakathi kwabesilisa labesifazane eZimbabwe |
| ZHRC | IKhomishini yase Zimbabwe ephatha indaba zamalungelo oluntu |
| ZLHR | Inhlanganiso yamagqwetha eZimbabwe ephatha indaba zamalungelo oluntu |
| ZNA | Ibutho lase Zimbabwe |
| ZRP | Amapholisa eZimbabwe |

# ISIGABA A: ISINGENISO KANYE LEMBALI

## Isifinqo somumo wamalungelo oluntu

1. Loba nje kwabalengqubela phambili ekuqhutshweni kwezinye inkuthazo kusuka kusiGaba sesibili esifezwe ngaphansi kwalolugwalo, kwaba lezehlakalo ezinengi ezingazinhle ngokweyame kumalungelo oluntu ngesikhathi esikhulunywa ngaso lapha.

2. Inguquko kwezombuso welizwe ngenyanga kaLwezi ku2017, yaba sekungeneleni kwamabutho kundaba zombuso welizwe khona okwabangela ukutshiya ngokufaneleyo, umsebenzi kwalowo owayengu Mongameli, uRobert Mugabe. Isehlekalo lesi siguqule isimo sombuso welizwe okubangele ukuphathwa ngendlela zesibutho kwemisebenzi kaHulumende.

3. Ukhetho lwaqhutshwa mhlaka 30 Ntulikazi ku2018, lona okungathiwa lwalulokuthula, kodwa ke, inhlanganiso ezazizohlola zethula inkuthazo ezingamakhulu ngokumele kuguqulwe kwezokhetho, okunengi kwakhona lokhe kungakaguqulwa, lobanje ilizwe libhekane lokhetho oluzayo ngo2023. Ngesikhathi sokutshengisela kokudinga ukwethulwa kwempumela yokhetho mhlaka 1 Ncwabakazi 2018, abalondoloza ukuthula ezweni basebenzisa amandla edlulisileyo khona okwabangela ukufa kwabantu abayisithupa ngokudutshulwa, njalo inengi lalimala. Inkuthazo eyethulwa yiKhomishini eyachwayisisa lesosehlakalo sodlakela ilokhe ingakagcwalisiswa.

4. Inhlupo kwezemnotho welizwe zabangela ukutshengisela ngoZibandlela 2019, abantu bekhonona ngendlela yokukhweza intengo yamafutha ezimota khona okwabangela ukukhwela kundleko zempilo kunxazonke. Abalondoloza ukuthula ezweni, kakhulukazi amabutho lamapholisa, basuka basebenzisa amandla ngokungahambelani lokwakufanele, kwaba lokubotshwa mahlayana kanye lokuthonisiswa mahlayana.

5. Ngo Nhlolanja ka2020, iZimbabwe yathatha inyathelo lokumisa ukuhamba-hamba kwabantu mahlayana, kanye lokuquma izikhathi zemisebenzi ethize kuyindlela yokumisa ukumemetheka kwegcikwane lomkhuhlane weKHOVIDI-19. Ukubandlulula ngokwezombusazwe kanye lodlakela ekuqhutshweni kwalezo zimiso, kanye lemithetho eyabekwayo ekuqhutshweni kwamalungelo oluntu kanye lokukhululeka kwabo, kwaquma ukukholiseka kwamalungelo oluntu.

6. Ukusebenza ngokukhululekileyo kweNhlanganiso ezilwela amalungelo oluntu kanye lenhlalakahle yazo sokusukekwehla okwesabekayo. Imithetho emitsha ehlelwayo igoqela ukuguqulwa komthetho ophatha iNhlanganiso ezizimele zodwa ngokuzinikela (PVO), leSiqu somthetho weCriminal Law (Codification and Reform) Act, kanye lowe "Patriotic Bill" obophela abantu ukuba baziphathe lokwenza ngendlela ekhomba ukubana abantu bayalithanda lokulimela ilizwe labo. Imithetho le izaphambanisa indlela zokusebenza kwenhlanganiso ezizimele zodwa, kanye lalabo abalwela amalungelo abantu.

7. Kusukela ngo2017, uHulumende usengenise kudale lePhalamende ukukhandwa kwemithetho emibili eletha inguquko ezinengi kusiSekaMthetho selizwe. Inguquko leyo ilempumela engamnandi lakancane kudaba lokutshiyaniswa kwamandla kusimo sikaHulumende, ngokungezelela amandla obukhokheli belizwe ekukhetheni kwabathath izikhundla ezithize kuhlangothi lwabathonisa amacala kumadale omthethwandaba

akuleli, kanye lokukhethwa kweNdunankulu yabaTshutshisi bamacala kuleli. Inguquko lezi ziyalulaza njalo imibono yePhalamende ngokumayelana lezenzo zobuthungameli belizwe ukuba buqhuba umsebenzi wabo ngendlela efanelayo na.

## Indlela eyasetshenziswayo ekuqoqeni umbiko lo

Umbiko lo, omayelana lendlela ezakhethwayo ezikhuthazwayo, wabunjwa ngemva kwemihlangano ethize yokuxoxisana kanye lokuphana imibono ngamalunga awenhlanganiso ezilwela amalungelo oluntu amaCSO, wona kusukela ngo2016, abeselusa ukuqhutshwa kwenhlelo zenkuthazo ezisekelweyo lezi. Umbiko lo wanikezwa kanye lokuqoqwa ngamalunga eCSO asebenzela kwele Zimbabwe wona aphiwa amandla okuqhuba inhlelo ezitshiyeneyo, njalo umbiko lo ufeza ubungcitshi kundawolezo. Okunengi ngawo kuyimbiko yawo amalunga la, ngokwawo okwaziwa yiwo, njalo okutholakale ngesikhathi eqhuba imisebenzi yawo. Ngalokho ke, inhlanganiso ezilotshiweyo lezi zigcizelela umbiko lo ngemva kwalokho njengokwethulwa kwawo. Uhlangothi olumela abesifazane kunhlanganiso yomanyano wamazwe omhlaba olwe UN Women, yilo olwaphathisa ngokulotshwa kwalumbiko kanye langemali kumalunga eCSO kunhlelo zonke zokuqoqa uMbiko lo.

# ISIGABA B: UKUGCWALISISWA KWENKUTHAZO YESIMO SAKUQALA NGOKUCHWAYISISA OKWENZIWAYO OKUSANDA KWEDLULA OKOHLELO LOMANYANO WAMAZWE

## F31 - ABANTWANA: UKUVIKELWA KWABO, UKWENDISWA KWABANTWANA[1]

### Okwafezwayo Ngamafitshane:

8. Ngokukhuthazwa yisinqumo sedale eliphatha indaba ezimayelana lesiSekaMthetho seLizwe, kudaba lukaMudzuri luka2016,[2] uHulumende weZimbabwe ukusibanga sokuthatha amanyathelo okulandela umthetho ngokuguqula isigaba somthetho woMtshado ukuze kwesulwe ngokusemthethweni ukungena kumtshado komuntu oleminyaka yokuzalwa engaphansi kwelitshumi lasithoba minwe mibili. Izimiso ngaloludaba, kanye lohlelo lwenkuthazo yamanyathelo okumisa ukutshada kwabantwana kwasungulwa ngoNkwenkwezi ka2021.[3]

9. Ukungena emendweni kwabantwana ezweni leli kulokhu kuluhlupo. Ekuchwayisiseni okwenziwa zinhlanganiso ezinenginengi ezweni ngo2019, kwatholakala ukubana oyedwa phakathi kwabesifazane abathathu (amatshumi amathathu lambili ekhulwini), abeleminyaka engamatshumi amabili kusiya kwengamatshumi amabili lane yokuzalwa babengene emtshadweni beleminyaka yokuzalwa ephansi kwelitshumi lasithoba minwe mibili, emaphandleni kuqathaniswa loyedwa kwabahlanu emadolobheni.

10. Laloba isiSekaMthetho seLizwe sesisenqabela ukungena emtshadweni kwabantwana, akulamthetho ojezisa abantu asebekhulile abengena emtshadweni labantwana. Ngakho-ke, ilizwe lisalele emuva kakhulu ekufikeni kubanga lomhlaba wonke lokuqeda imitshado yabantwana ngo 2030.

### 11. Inkuthazo yokungenziwa:

a. Ukuphangisa ukugcwalisiswa kwenkuthazo yohlelo lwamacebo okuqeda imitshado yabantwana ezweni.

b. Ukuthatha amanyathelo okubumba umthetho wePhalamende ukuze kubelicala ukutshada lomntwana, ngaphansi kweSigaba esitsha soMthetho omayelana leMitshado leSiqu semithetho eminengi esigoqela izenzo ezokwephulwa kwemithetho. Umkhuba wokutshadisa abantwana, uthathwa njengesenzo esingafanele ngaphansi kwezamasiko kanye lezokholo.

c. Ukungenela lokuphathisa labo bantwana ngendlela ebanikeza impilo entsha kulandelwa umthetho okumele ulandelwe kudaba lokwenqabela ukungena kumitshado kwabasesebancane, wona owagcizelelwa yinhlanganiso yamazwe aseZansi yomkhono weAfrica (iSADC).

## F31 - ABANTWANA: UKUFINYELELA INGWALO ZOKUZALWA[4]

### Okwafezwayo Ngamafitshane:

12. Kulutshwane osekuthe kwenziwa kusukela ngo2016, ngaphandle kwemizamo lapha lalaphana yokuthuthukisa amathuba la endaweni zemadolobheni kanye, lendlela zokubhoda-bhoda kwalabo abaqhuba lowomsebenzi wokubhalisa, kodwa-ke imizamo leyo ayenelanga. Akulamizamo yokufinyelela iqhinga eligoqela bonke kuhlupo lolu

lwaphakade, kakhulukazi ngenxa yokungenisa ezombangazwe kundaba zokutholisa ingwalo zokuzalwa komuntu kuleli ilizwe.

13. Ngo2019, ngesikhathi sokuqutshwa komhlangano webanga laphezulu kwele Geneva owawuqoqwe nguSibalukhulu weNhlanganiso ephatha indaba zeziphepheli kumanyano wamazwe omhlaba (UNHCR), ngaphansi kohlelo lwenyathelo lokuzama ukuqeda udubo lokuswela indawo yokuhlala njengesizalwane selizwe elithize, uHulumende weZimbabwe wathembisa ukuba, "ngo 2024, uzabe esenze kwabalula njalo esethuthukise indlela zokufinyelela ukubhaliswa kwengwalo zokuzalwa, kugoqela ukunikeza ingwalo zokuzalwa kuzizalwane zalabobantu bangaphandle kwelizwe leli bona abeza ukuzohlala kuleli ngesizatho sokufuna imisebenzi, kanye lokuphathisa labo abadinga ukuvunyelwa ukuhlala kuleli ngenxa yokungazinzi kumumo wezombuso welizwe kumazwe abo, kanye labangaphumelelanga kuzicelo zabo zokuphephela kuleli, ukuze kube lokubhaliswa kokuzalwa kwabantu bonke emhlabeni jikelele".

14. Kuleli, ngo2019, iKhomishini ebonaa ngezokulondolozwa kwamalungelo oluntu kwele Zimbabwe (ZHRC), yaqhuba uhlelo lokuchwayisisa ngodaba lokufinyelela ukuthola ingwalo lezi, yathola ukubana ithuba lokufinyelela lezongwalo kuhlanganisela ingwalo zokuzalwa komuntu lincane.

15. Ezinye inhlupo kulokhu zihlanganisela ukufinyelela indawo zokubhalisela, indleko zokubhalisa, izinto ezinenge-nengi ezidingakalayo zingumthwalo njalo lokwehluleka ukuqhuba umsebenzi ngendlela kumahofisi akhona, lezinye inhlupo ezikhona.

## 16. Inkuthazo yokungenziwa:

a. Ukugcwalisisa isithembiso esenziwa kuKhomishini enkulu kumanyano wamazwe Omhlaba ephatha indaba zeziphepheli iUNHCR, zokufinyelela ukubhalisa umuntu wonke ngo 2024.

b. Ukuvula indawo zokubhalisa kuzibhedlela kusiqinti sinye ngasinye.

c. Ukunqinekela ukwesulwa kwemigoqo yonke ekuphathweni kanye lasekuqhutshweni komsebenzi kugoqela inhlawulo zokutholiswa ingwalo zokuzalwa kanye, lezokuphendla ingwalo, khona okusuka kwehlule inengi labantu bemaphandleni kanye leziphepheli.

d. Ukungenisa isigaba somthetho wokuba yisizalwane sakuleli, Isigaba somthetho ophatha ngokubhalisa ukuzalwa kanye lokufa komuntu, kanye leSigaba soMthetho wokungena lokuphuma kwabantu ezweni, ukuze imithetho le ihambelane

e. Ukugcizelela izinqumo zomhlangano owaqhutshwa ngo1961 wokwehlisa udubo lokungabi yisizalwane saloba yiliphi ilizwe, kanye lokwamukela lezozinqumo kuleli ngaphansi kwemithetho yokuba yisizalwene sakuleli, ukuze wonke umntwana akholise ukuba yisizalwane sakuleli.

## F13 - UDLAKELA KWABESIFAZANE[5]

### Okwafezwayo Ngamafitshane:

17. Njengoba ukuqhela kodlakela kwabesifazane kuzimuli kweleZimbabwe kuku sibanga esiyisilinganiso sokungamatshumi amathathu lanhlanu ekhulwini, [6]kukanti itshumi lane

ekhulwini, labesifazane abaleminyaka yokuzalwa elitshumi lanhlanu, kusiya kwengamatshumi amane lasithoba munwe munye bamangala amacala odlakela kundaba zokuya emacanisini. Njalo amatshumi amabili lanhlanu ekhulwini, bengabamangala amacala odlakela kusukela beleminyaka elitshumi lanhlanu yokuzalwa, uHulumende weZimbabwe uyanconywa kumizamo yakhe yokuthatha amanyathelo okulwisa udlakela oluqondane labesifazane.

18. Imithetho eqakathekileyo ihlanganisela umthetho ophatha indaba zodlakela kwabesifazane ezimulini wona obumba iKhansili elwisa udlakela, umthetho ophatha indaba zokuthunjwa kwabantu besiwa kwamanye amazwe, kanye leSiqu semithetho eminengi esigoqela izenzo ezokwephulwa kwemithetho. Isiqu semithetho siyaguqulwa okwamanje ukuze sibumbe isigwebo okungaqalwa ngaso kusiya kwezinye eziphezulu esingagwetshelwa umuntu oyabe ebambe owesifazane iganyavu, kanye lamanye amacala endaba zokuya emacansini ukuba sisukela kuminyaka emihlanu kusiya kwengamatshumi amabili.

19. Okunye okuncomekayo yizimiso kanye lendlela ezabekwayo zokuphatha indaba zodlakela kwabesifazane (GBV), lezi zigoqela: Uhlelo lwelizwe lonke lokwenqabela udlakela kwabesifizane; uhlelo lokwenqabela kanye lempumela yalo luka 2016 kusiya ku2020;kanye lohlelo lwelizwe lonke lwemizamo yokulwisana lokuthunjwa kwabantu besiswa kwamanye amazwe luka 2019 kusiya ku2021, lona oluhlose ukuqala ukusebenza komthetho omayelena lokuthunjwa kwabantu besiswa kwamanye amazwe njengezigqili kuSahluko 9:25: Indlela yokusebenza kwedale eliphatha indaba zabantwana abancane abahlukuluziweyo, ikakhulu ngendaba zokuya emacansini, khona okugoqela amapholisa kanye labaphathisa labo abahlukuluziweyo; njalo lendlela yokulonda ukuphathwa kwamacala emadale omthethwandaba ukuze kube lokumanyana kumizamo yokuqeda udlakela kwabesifazane (VAW).

20. Udlakela kwabesifazane solubekusimo esibi ngokwethulwa kwamanyathelo okwenqabela ukuhamba-hamba kwabantu, lokuqunywa kwezikhathi zokuqhuba imisebenzi ethize ngenxa yeKHOVIDI-19. Umbiko owethulwa ngo2020, waveza ukuba udlakela phakathi kwabantu abathandanayo lwakhwela ngokulinganayo ngesikhathi sokumiswa kokuhamba-hamba kwabantu mahlayana ezweni, kanye lokuqunywa kwezikhathi zokwenza okuthize kunqatshelwa ukumemetheka kwe KHOVIDI-19, lapho kwamangalwa amacala odlakela kwabesifazane kuzimuli ngenani elifika kumatshumi ayisikhombisa lesiqa sinye ekhulwini, njalo abesifazane abangelalutho, abesifazane abasemaphandleni kanye labesifazane lamankazana aphila egogekile beyibo inenge lalesi sehlakalo.

21. Inhlanganiso yabesifazane yeMusasa, kucingo lwayo lokwazi ngodlakela kwabesifazane ngemakhaya, yamukela incingo eziyinkulungwane eziyisithupa lamakhulu amabili, kusukela ngokuqala kokumiswa ukuhamba-hamba mahlayana kwabantu ezweni, lokuqunywa kwezikhathi zemisebenzi ethize kunqatshelwa ukumemetheka kweKHOVIDI-19 mhlaka 30 Mbimbitho, 2020 kusiya mhlaka 27 Lwezi 2020, lapho kwaba lokukhwela ngenani eledlula amatshumi ayisithupha (60%) kuqathaniswa lokwakusenzakala ngaphambilini.

22. Kundaba zombuso welizwe, impumela yokhetho lwamalunga eNkundla yePhalamende yatshengisa ukubana abesifazane abaphumelelayo babelinani letshumi lambili ekhulwini kuphela, kuzihlalo ezingamatshumi ayisithupha, ezibekelwe abesifazane bodwa. Lokhu yikubuyela emuva kuqathaniswa lenani letshumi lane ekhulwini yezihlalo ezatholakala ngo2013. Kukhetho lwezabelo inani letshumi lanhlanu ekhulwini, lathola izihlalo. Lakhona nje ngokokuqala abesifazane bencintisa kusikhundla sokuba

nguMongameli, babelinani lokulitshumi lesikhombisa ekhulwini kwalabo ababencintisa, njalo babhekana lamazwi enzondo lokungamukekwa.

## 23. Inkuthazo yokungenziwa:

a. UHulumende weZimbabwe kumele athungamele inhlelo zokungenela ukuze lezonhlelo ziqheliswe ziphathe lendaba zamalungelo amayelana lezempilakahle kundaba zokuya emacansini kanye lempila kahle kundaba zokuzithwala kanye lokubeletha (SRHR).

b. Ukungezelela isiqu somthetho ukuze sinanze ezinye indlela zodlakela, okufana lokusetshenziswa kwamazwi ephula inhliziyo, ukuncitshwa ngabomo izinto ezidingakalayo empilweni yomuntu, ukuhlukuluzwa emcabangweni kanye lasemoyeni.

c. Ukubeka yonke imisebenzi emayelana lodlakela kwabesifazane (GBV) (kugoqela indawo zokuhlala, imisebenzi yonke yeziphathamandla yokuphathisa abasile kudlakela (VFUs) kanye lencingo zokukhulumanisana), njengemisebenzi okungamelanga imiswe ukuqhutshwa kuzozonke izikhathi ngesikhathi sokumiswa kwabantu ukuhamba-hamba mahlayana kanye lokuqunywa kwesikhathi seminye imisebenzi ezweni kusenqatshelwa ukumemetheka kwegcinkwane leKHOVIDI-19.

d. Ukwenza indlela zokuthola izinqumo zokumiswa kanye lokuvikelwa kodlakela kwabesifazane emadale omthethwandaba zibelula ekuzivikeleni kwabo kulabo abaqhuba lolodlakela.

e. Ukubeka izinqumo ezijonge ukuguqula indlela abesilisa ababona ngayo abesifazane abangena ku kundaba zombusazwe.

## F12 - UKUBANDLULULA ABESIFAZANE; UKUPHIWA AMANDLA KWEZENOTHO[8]

### Okwafezwayo Ngamafitshane:

24. Ngokugxile kuSigaba samatshumi amahlanu lasithupha kusiSekaMthetho seLizwe kundaba zokulinganiswa kwamathuba phakathi kwabesilisa labesifazane, uHulumende weZimbabwe usehambe ibanga elide ekukhuthazeni ukulingana kwamathuba phakathi kwabesifazane labesilisa kanye lenhlelo zokunikeza abesifazane amandla kwezenotho, lakundaba zokutholiswa imali kusikhathi okukhulunywa ngaso. Kulendlela ezinhle kakhulu ezabekwayo zokubana umsebenzi uhambe ngendlela ngokuphatheka kwamalunga atshiyeneyo agoqela ugatsha luka Hulumende oluphatha indaba zabesifazane, ukulinganiswa kwamathuba phakathi kwabesifazane labesilisa kanye lentuthuko kuzigaba; Abameli bokulinganiswa kwamathuba phakathi kwabesifazane labesilisa; inhlanganiso zabesifazane; iKhomishini yendaba zokulinganiswa; iKhomishini yendaba zokulinganiswa kwamathuba kwabesifazane labesilisa (ZGC), leNhlanganiso yokukhanda leyo mithetho (NGP), kuhlanganisela lezinye inhlanganiso lendlela ezabekwayo ezikhuthaza ukulinganiswa kwamathuba phakathi kwabesilisa labesifazane. Kulemizamo efuna ukwenziwa yokubumba imithetho ngomzamo wokungezelela isikhathi sokufika ku2028, ukuze izihlalo zePhalamende ezabekwa eceleni zimele omama ezingamatshumi ayisithupha, njengokwabekwa yisiSekelo soMbuso weLizwe. Ngokuma kwezinto okwamanje zigcinelwe abesifazane. Lalobakunjalo-nje, okudingakalayo yikugcwalisiswa kweSigaba sesitshumi lasikhombisa seSisekelo soMbuso weLizwe

sokuthi ingxenye yaphakathi-laphakathi yezihlalo ezingamakhulu amabili letshumi, zibekelwe abesifazane. Inani labesifazane abakhethelwa imisebenzi emahofisini limi kanje: Kubukhokheli beNgatsha zikaHulumende, baphezu kwamatshumi amabili lambili leziqa eziyisithupha ekhuliwini. Abavotelwa ukubangamalunga ePhalamende bangamatshumi amathathu lanye ekhuluwini. Abavotelwa ukuba ngamaKhansila bakunani eletshumi lantathu leziqa zokuthathu kukhulu. Abakhethelwa ukuba ngabameli bakuleli kwamanye amazwe, baphezu kwamatshumi amabili lanhlanu leziqa eziyisithupha ekhulwini. Njalo inani lamatshumi amathathu lathoba munwe munye yilo elakhethelwa kuzikhundla zokuthethwa kwamacala kumadale omthethwandaba akuleli.

25. Kwezokhetho, phakathi kwamabandla ezombuso welizwe angamatshumi amane lasikhombisa amabandla, angamatshumi amabili lasikhombisa, yiwo kuphela akhetha owesifazane oyedwa kusiyaphambili kukhetho luka 2018. Inani elingafika kutshumi lanhlanu ekhulwini, (abantu abangamakhulu amabili lamatshumi amane lantathu) phakathi kwe nkulungwane eyodwa lamakhulu ayisithupa alamatshumi amahlanu lambili, lalabo ababencintisa ukungena ePhalamende babengabesifazane, njalo abesifazane abalikhulu lamatshumi amane lasithupa, phakathi kwabantu abangamakhulu amabili lamatshumi athobamunwemunye, yibo ababencintisa kudale leSenethi.

26. Kwezemfundo, laloba abantwana abafika kumatshumi ayisikhombisa lathobaminwemibili ekhulwini, besenelisa ukuphutsha izifundo zeprayimari, kuselodubo ukuba amantombazane adlulele phambili kuzifundo zaphezulu zeSekondari, njengoba abantwana abayisilinganiso sokungamatshumi amane lathobaminwemibili ekhulwini besenda ngokuphangisa kumbe ukuzithwala

27. Amantombazana atshiya njalo isikolo endleleni ngenxa yokuswelakala kwempahla yokusebenzisa efaneleyo e besesikhathini sabesifazane, loma-nje umthetho we Education Act usithi kumele batholiswe leyo mpahla.[9]

28. Kundaba zokuthuthukisa abesifazana kwezenotho, kuleBhanga labesifazane kweleZimbabwe. Lavulwa ngo2018, Abesifazane abafika kunani lamatshumi amabili lesikhombisa kukhulu, yibo kuphela ababefinyelela ekutholeni ithuba lokuthola uncedo ngendlela ezabekwayo, njalo bebumba inani lokulitshumi ekhulwini, kusilinganiso sabobonke abantu abafinyelela izikwelede (UN, 2018). Kusiya kunyanga kaLwezi, 2018, iBhanga leli lanikeza izikwelede ezifika kukhulu elilodwa elilamatshumi amane lathobamunwemunye ezibiza imali efika kusigidi esisodwa samadola aweAmerica.

## 29. Inkuthazo yokungenziwa:

a. UHulumende wase Zimbabwe kumele athungamele uhlelo lokuqhutshwa kwendaba eziphatha ngokuchwayisiswa kwamathuba phakathi kwabesifazane labe silisa ezweni, ngokunikeza imali eyenelayo yokuphatha lolohlelo ngenhloso yokuthuthukisa, kanye lokugcwalisiswa kwamathuba phakathi kwabesifazane labesilisa kunhlangothi zonke eziqakathekileyo ezweni.

b. Ukutshetshisa imizamo yonke yokwamukela lokusebenzisa kuleli iziqokoqela zezi vumelwano eziphatha ngamalungelo esifazane.

c. Ukugcwalisisa izimiso zesiSekaMthetho esidinga ukuba lengxenye yaphakathi-laphakathi yabesifazane belingane labesilisa kuzikhundla ezinikwa kuHulumende kanye lakwezinye ezokukhethelwa.

## E41 - AMALUNGELO KWEZEMPILAKAHLE – IMPAHLA LENDAWO ZOKWELATSHELWA: UKUFUNDISWA KWABELAPHAYO [10]

### Okwafezwayo Ngamafitshane:

30. Uhlupho lomkhuhlane weKHOVIDI-19 lubangele ukulungisiswa kwezinye indawo ezaziyekelelwe ukuze ziphathise abahlaselwe ngumkhuhlane, ukubunjwa kwendawo ezintsha, ukudingwa kwempahla zokuvikela ukuhlaselwa ngumkhuhlane, impahla zokusebenzisa ekuhloleni ukuba umuntu angabe elomkhuhlane lo kumbe hatshi, kanye lemithi yokuhlaba ukuvikela igcikwane leli, phezu kwamanye amanyathelo. Imithi yokuhlaba ukuvikela lumkhuhlane yayivele isikhona kungela mbadalo kusiya ekupheleni kukaNkwenkwezi, 2021, kodwa khathesi ayisatholakali lula. Ngosuku luka 30 Nhlangula, 2021, besekule nani labantu abafika izinkulungwane ezingamatshumi amane lathobaminwemibili ezilamakhulu amahlanu lamatshumi amathathu lantathu abasebetholakale belomkhuhlane weKHOVIDI-19, kwafaabafika inkulungwane eyodwa elamakhulu ayisikhombisa lamatshumi ayisithupha lanye, ngokwethulelwe kuNhlanganiso yezimpilakahle emhlabeni (WHO). Njalo ngosukuluka 28 Nhlangula, 2021, amathonsi omuthi wokuhlaba kuvikelwa afika kusigidi esisodwa lenkulungwane ezilikhulu elilodwa elilamatshumi amane lasithupha lamakhulu amathathu alamatshumi ayisikhombisa lathobaminwemibili aye esesetshenzisiwe. [11]

31. Lomakunjalo-nje, uncedo lwemali kuhlangothi lokwelatshwa solwehle okwesabekayo lusuka kunani elejeyekileyo lezigidi ezingamakhulu ayisikhombisa lamakhulu amahlanu alamatshumi amane lanhlanu amadola eAmerica ngesikhathi esiphakathi kuka 2016 lo 2018, kusiya kuzigidi ezingamakhulu amahlanu amadola eAmerica ngo 2020. Inani yemali ebikhangelelwe ukusetshenziswa ngo 2020 kuhlelo lwezempilakahle, yasilela kulokho okwaku khangelelwa mayelana ngeSiqiniseko esenziwa eAbuja ngenani letshumi lanhlanu ekhulwini, loba nje kwaba lobungcono kancane bokusuka kunani lo kuyisikhombisa ekhulwini, ngo 2019, kusiya kutshumi ekhulwini ku2020.[12]

32. Kunhlalakahle yezisebenzi zempilakahle, izehlakalo zokungaphathwa kahle lokwethuselwa nguHulumende weZimbabwe zilokhu ziluhlupho, lokhu kuvezwa yikuqhubeka kwezisebenzi zikhalala umsebenzi wazo.

### 33. Inkuthazo yokungenziwa:

a. Ukuqhubekela phambili ngokuqinisa inhlelo zezempilakahle ngokuthuthukisa indawo zokuqhubela umsebenzi (ukuphathwa komsebenzi), ukuphathisa abaqhuba umsebenzi ukuba babe lempahla yokusebenzisa (ikakhulukazi labo abaqhuba le imisebenzi bephathisa abantu abakuzindawo lapho behlala khona), kanye lokulungisisa inhlupo ngokusilelayo kulo umsebenzi.

b. Ukuthuthukisa indaba eziphathelane lenhlalakahle yezisebenzi ukuze kwenqatshelwe ukukhalalwa kwemisebenzi khona okubuyisela emuva umsebenzi.

c. Ukulandela indlela ezeyame kundaba zamalungelo oluntu (HRBA) ekuhleleni imali ezizasetshenziswa kulokho ukwenzela ukubana imali isetshenziswe ngokuqondane lemisebenzi eqanjiweyo, njalo ebhekane lendaba zamalungelo oluntu.

d. Ukwenza ukuthi ingcitshi zezempilakahle zitholakale ezibhedlela zemaphandleni.

e. Ukunxusa umuntu ozacubungula indaba ezimayelana lamalungelo kwezempilakahle (SR), ngokwalusa lezondaba kanye lokwethula imbiko ngalezondaba.

hweveruzhinji nekurikidza nekuvandudza mafambisirwo ebasa panzvimbo dzinechekuita nekuwaniswa kwehutano, kusimudzira vashandi kuti vave nezvakakwana (kunyanya vanoita mabasa ezveutano munharaunda mugere vanhu), nekugadzirisa matambudziko ekushaikwa kwezvivakwa nezvokushandisa.

b. Kusimudzira nyaya dzinechokuita nezvehupenyu neugaro hwakanaka hwevashandi varimunezveutano kudzivirira kuti vasaramwe mabasa izvo zvinozokanganisa zvakanyanya mafambiro ebasa.

c. Kukoshesa hurongwa hwekuisa kodzero dzavanhu mberi panoitwa hurongwa hwemashandisirwo achazoitwa mari panezvinechokuita neveruzhinji munyika kuti pave nechokwadi chokuti mari dzashandiswa mabasa akakosha akatojekeswa nechekare anechokuita nekodzero dzavanhu.

d. Kuendesawo mabasa anoda vanamazvikokota kuzvipatara zvemadhisitirikiti munyika yose.

e. Kukoka nhume inoongorora nezvekodzero dzinechokuita nezveutano.

## E22/E26 - ILUNGELO LOKUTHOLA AMANZI OKUNATHA, INDABA ZOKUHLANZEKA, KANYE LOKUDLA[13]

### Okwafezwayo Ngamafitshane:

34. Inhlelo zokungezelela inani lamanzi ziqhubekela phambili, kugoqela uku lungiswa kutsha kwendlela yokuhamba kwamanzi kwezinye indawo zase madolobheni okufana lemitshina yamanzi endaweni ehlanzwa amanzi yeMorton Jaffray eHarare ngo2019. Izinto ezidingakalayo ekwakhiweni kwendawo zokugcinela amanzi njengama damu kundawo ezitshiyeneyo zelizwe kuhlanganisela idamu leKunzvi-Musami, ledamu leGwayi-Shangani sezithe zanikezwa.

35. Loba kunjalo nje, ukuswelakala kwamanzi ahlanzekileyo emadolobheni lase maphandleni lokhe kuludubo olukhulu, khona okubangela ingxabano kanye lodlakela kundawo zokukhela amanzi emadolobheni, kakhulukazi kuqondiswe kwabesifazane, amankazana, lalabo abaphila begogekile, kanye lalabo asebeluphele. Ukwakhela kundawo ezingama xhaphozi okuthe kwamemetheka kwala lokhe kufaka engonzini indawo zemvelo zona ezingumthombo wamanzi ahlanzekileyo.

36. Umbiko womcubunguli Omkhulu wemisebenzi kaHulumende lokusetshenziswa kwemali ubika ukubakhona kokumemetheka kokungcoliswa kwendawo eziyimithombo yokutholisa amanzi kanye lokuvuzela kwengcekeza kuzikhotsho, khona okubuyisela emuva imizamo yonke yokufinyelela amanzi okunatha ahlanzekileyo.

37. Ngokumayelana lokugcinakala kokudla ezweni, isithunywa esalusa indaba zokubona ukuba ukudla okwenelayo kukhona, esavakatshela eleZimbabwe ngo November ka 2019 safumana ukubana, lakhona ilungelo lokutholakala kokudla okweneleyo lisekelwa yisiSekaMthetho kanye lezimiso ndawonye lemithetho eminengi-nengi, "indlala yokubangelwa yikwenza kwabantu iyangena kancane-kancane ezweni. Abantu abedlula amatshumi ayisithupa ekhulwini abala kudla okweneleyo ngenxa yesimo sobuyanga obukhulu, ukukhwela kwentengo yezinto elizweni, kanye lenzuzo ephansi kwezokulima, kuhlanganisela ezinye imbangela".[14]

38. IKhomishini emayelana lokunanzwa kwamalungelo oluntu, ZHRC, ngokuchwayisisa, isithole ukubana ukuholiswa kokudla ezweni kwande ukwenziwa ngokweyame kundaba zombuso welizwe kakhulukazi kundawo zemaphandleni khona okuyikho okuhlala abantu abanengi abayibo abasengozini.[15]

## 39. Inkuthazo yokungenziwa:

a. Ukuhlela lokunikeza imali eyeneleyo ezasetshenziswa ngokulandela indlela eyame kweza malungelo oluntu ekutholisweni kwamanzi ahlanzekileyo.

b. Ukugcwalisa yonke inkuthazo eyenziwa yiSithunywa eseza kuleli esendaba zamalungelo ezokudla, yona eyethulwa ngemva kokuvakatshela kwaso kwele Zimbabwe.

c. Ukunxusa isithunywa esiphatha ngendaba zamalungelo okutholiswa amanzi okunatha kanye lokuhlanzeka.

## E51 - ILUNGELO LOKUTHOLA IMFUNDO YEPRAYIMARI - KUNGELAMBADALO[16]

### Okwafezwayo Ngamafitshane:

40. Isigaba sesimatshumi ayisithupha lane SoMthetho wezemfundo (esaguqulwa ngo 2020), okwakhathesi sinekeza imfundo kungela mbadalo yona okumele itholiswe wonke umuntu yebanga lakuqala, yephurayimari. Umthetho lo uthembisa amankazana impahla yokusebenzisa umabesesikhathini sabesifazane kungela mbadalo ukuze baqhubeke besesikolo, njalo iyalisa ukutshaywa kwabantwana ezikolweni.

41. Loba kunjalo nje, akula manyathelo asethe abakhona okuqhuba loluhlelo lwemfundo yebanga laphansi yepurayimari kungela nhlawulo, njalo ingekhangelelwe ukufinyelelwa ngumuntu wonke njenga lokhu okutshiwoyo. Uhlelo lokuphathisa kumfundo yamabanga aphansi lweBEAM lwethulwa ngo2021 ukuphathisa abaswelayo, kodwa izifundi ezinengi zilokhe zingatholi uncedo ngenxa yokusilela koncedo olukhona (okwakhathesi isigidi esilengxenye, phakathi kwenani lezigidi ezine lengxenye, labantwana abafanele ukuphathiswa yilo oluthola uncedo lolu), ngenxa yokusilela kwemali kanye lendlela ezingabalulekanga zokuqhuba umsebenzi.

42. Umkhuhlane weKHOVIDI-19 usungezelele uhlupho ngokwethula uhlelo lokufunda ngendlela yeintanethi njengendlela entsha yokuqhuba izifundo, yona efinyelelwa ngabantwana abalutshwane kuphela abavela kumuli ezitholayo. Abantwana abasemaphandleni kuzikolo ezithola imali ephansi, kakhulukazi izikolo zase maphandleni, abenelisisi ukufinyelela kuzifundo eziqhutshwa ku intanethi ngayo yonke indlela ngenxa yenswelo kanye lokuswelakala kwemali yokuphathisa indlela zokusebenzisa (okunje ngamakhompiyutha lamagagasi akhona).

43. IKHOVIDI-19 isibangele inani elikhulu labantwana abangenelisi ukuhlawula imali zesikolo ukuba batshiyele isikolo endleni kundawo eziswelayo, kanye lokuswela izinto zokusebenzisa ekuqhubeni izifundo ngendlela leyo.

44. Inotho yelizwe yona engenzi kuhle isibangele ukutshengisela kundaba zemisebenzi ngokukhalala imisebenzi kwababalisi besithi inani lendleko zabo empilweni alibavumeli ukuba baqhube umsebenzi wabo, ngalokho uhlonzi lwemfundo luyehla.

## 45. Inkuthazo yokungenziwa:

a. Ukuthatha amanyathelo okuqhuba ngokubanzi inhlelo zemfundo kungela nhlawaulo yona okumele itholwe ngumuntu wonke ngokumayelana lemfundo yesigaba sakuqala sepurayimari.

b. Ukudinga uncedo kwamanye amazwe ukuze aphathise ngokudingakalayo khona okusekela ezemfundo ngesikhathi sokuhlasela kweKHOVIDI-19 kakhulukazi kuzikolo zemaphandleni.

c. Ukuthatha amanyathelo okunikeza imali eyeneleyo ukuze ababalisi babe leholo elingcono khona okuzanqabela ukuphuma kwababalisi besiya kwezinye indawo kumbe amazwe, njalo ukuze kugcinakale ubungcitshi lobu ezweni.

## F4 - ABANTU ABAKHUBAZEKILEYO, UKUNANZA UKUKHUBAZEKA KWABO KUNDABA ZEMFUNDO, UKUFINYELELA KWABO UKUNGENA KUZAKHIWO [17]

### Okwafezwayo Ngamafitshane:

46. UHulumende weZimbabwe ukhanda umthetho ozabambanisa izimiso ezikuNhlanganiso yamazwe Omhlaba ezibona ngamalungelo abantu abakhubazekileyo, i-UNCRPD, zona ezingakethulelwa uzulu. Umthetho lo omutsha uzathatha indawo yomthetho ophatha indaba zalabo abakhubazekileyo kanye leminye enjalo engasahambelani lesikhathi, ngoba ingasahambelani njalo lomqondo osukhona kwezamalungelo abo.

47. Mhlaka 9 Nhlangula 2021, uHulumende weZimbabwe wethula isimiso soMthetho omayelana labantu abakhubazekileyo elizweni, owathuthukiswa ngosekelo olwavela kulabo abaphatheke kuloludaba, kugoqela inhlanganiso yomanyano wamazwe omhlaba, wona ojonge ukulungisa indaba zokutshiywa ngaphandle lokubandlululwa kwabantu abaphila begogekila, kanye lokubathuthukisa kwezomnotho ukuze labo bathuthukise uhlonzi lwempilo zabo njalo babe lengxenye abayenzayo kundaba eziphathelane lentuthuko yelizwe.

